NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION
MAY 2023

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA: IPHEPHA II
ISIZULU FIRST ADDITIONAL LANGUAGE: PAPER II

MARKING GUIDELINES

Isikhathi: Amahora ama-2½ Amamaki ayi-100

These marking guidelines are prepared for use by examiners and sub-examiners, all of whom are required to attend a standardisation meeting to ensure that the guidelines are consistently interpreted and applied in the marking of candidates' scripts.

The IEB will not enter into any discussions or correspondence about any marking guidelines. It is acknowledged that there may be different views about some matters of emphasis or detail in the guidelines. It is also recognised that, without the benefit of attendance at a standardisation meeting, there may be different interpretations of the application of the marking guidelines.

IEB Copyright © 2023

ISIQEPHU A *HLWANYELA UYOVUNA* – N. B. MAGWAZA

UMBUZO 1

1.1 UMbhele, ukhuluma nomkakhe uMaNgcobo.

1.2 NgowakwaNdelu/ UNdelu.

1.3 1.3.1 B yinja

1.3.2 C izinto zizokonakala.

1.4 UMbhele umbiza **ngengcanga** lo mfana ngoba uthathe intombi yakhe uNtombi wayoyihlalisa kubo ngaphandle kwemvume yakhe. Uphinde wakhuleliswa uNtombi engakaqedi isikole. Konke lokhu uMbhele ukubona njengehlazo njengoba engumuntu ohloniphekile emphakathini, njengothishomkhulu. Uphinde akubone njengendelelo ngoba ngokwesiko uma umuntu wesilisa enze umonakalo ofana njengalo, kumele akhokhe inhlawulo kuqala. Ngakho-ke, kuMbhele izenzo zalo mfana azikhombisi ubuntu, zikhombisa ubunja.

1.5 • **Ubudlelwano phakathi kukaMbhele noNtombi**

Umfundi angaqala ngokubuka ubudlelwano babo kusukela ekuqaleni uNtombi eyintandokazi baze baxatshaniswa ukukhulelwa kukaNtombi. UNtombi wayeyintandokazi ngenxa yokuthi ubeyinkosazana kaMbhele futhi wacishe washona ekuzalweni kwakhe, kungasathenjwa ukuthi uzophila, uMaNgcobo waze wazala isikhathi singakafiki (ikhasi 1). Lolu thando analo uMbhele ngoNtombi wayehluleka ngisho ukulufihla kwezinye izingane zakhe (ikhasi 3), okwakwenza ukuthi zingamthandisisi kahle uNtombi.

Angaphinde aveze ukuthi uNtombi wayebathanda futhi ebahlonipha abazali bakhe, kakhulukazi uMbhele njengosokhaya. Wayeyilandela yonke imithetho yabo, njengokuya esikoleni, ukubuya ekhaya ngesikhathi, ukusiza ngemisebenzi yasekhaya.

Omunye umfundi angaveza ukuthi nakuba uNtombi wayemthanda ubaba wakhe kodwa wayemsaba ngenxa yemithetho eqinile, njengokuba sekhaya uma liqala ukushona ilanga, ingcindezi yokufuna imiphumela emihle esikoleni ngenxa yokuba nguthishomkhulu kanye nokubashaya njalo uma bephule imithetho yakhe.

IEB Copyright © 2023

- **Ukuziphatha kwabo ebudlelwaneni babo**

  UMbhele ubengusokhaya futhi engubaba onesandla esiqinile ekholelwa ngukuthi umzali nguyena okufanele afundise izingane zakhe ukuziphatha (ikhasi 58), futhi wayemthanda kakhulu uNtombi. Kodwa emva kokukhulelwa kukaNtombi, izinto zashintsha phakathi kukaNtombi noMbhele. UNtombi waqala ukungalaleli ubaba wakhe, ubesevame ukweqa ngisho ekhaya (ikhasi 59), ukuze abonane noZakhele. Lokhu kwaze kwaphoqelela uMbhele ngelinye ilanga ukuthi amlande kubo kwaZakhele. Lesi senzo uMbhele samcasula kakhulu, esibuka njengendelelo nokungamhloniphi.
  Okunye ukuthi lesi senzo sikaNtombi saphoxa kakhulu uMbhele ngoba wayemthanda uNtombi. UMbhele waqala ukuba nonya nolaka, esikhathini esiningi wayemshaya uNtombi futhi engafune kukhuzwa ngoba ephoxwe izenzo zikaNtombi (ikhasi 59). Okwafike kwabaxabanisa kakhulu ukuthola ukuthi lo mfana uzalwa nguNdelu owayeyisitha sakhe esikhulu.
  Omunye umfundi angaveza umbono wakhe wokuthi uMbhele wayengaphathekile kahle ngoba ekhathazwe ukuthi izifundo zikaNtombi njengoba enza umatikuletsheni zingase ziphazamiseke, nakuba uNtombi wayengahlakaniphile, uMbhele wayeyazisa imfundo njengothishomkhulu, elindele lukhulu (ikhasi 58).
  UNtombi angakhombisa ukuphoxeka ngezenzo zikababa wakhe zokumnqabela ukuthi athandane nomuntu amthandayo ngenxa yengxabano yakhe noNdelu besasebasha, bebanga uMaNgcobo (ikhasi 66/69). Ngakho-ke izenzo zikaNtombi kwakungezothando, kwakungezona ezendelelo. Kanjalo noMbhele angaveza ukuthi izenzo zakhe zokumkhulisa ngesandla esiqinile yingoba wayebheke lukhulu kuye njengenkosazana futhi emfisela impumelelo empilweni. Ngamafuphi bobabili babengaphathene kahle, babehlukumezana kodwa babengaboni.

  Ulimi nohlelo
  Inani lamagama nokulibhala

UMBUZO 2

2.1 **Udweshu** lukaMbhele kulaba balingiswa:

- **UMaNgcobo**

  Udweshu olukhulu ukuthi uMbhele wayengazimisele ukulalela umkakhe. Wayemphathisa okwengane encane, esikhathini esiningi engamhloniphi. Wayehlale emsabisa ngokumshaya ngoba ethi uvuna izingane. Waze wagcina emshayile, okwabangela ukuthi uMaNgcobo athathe imithwalo yakhe, aphindele kubo eGingindlovu. Ngenxa yothando lo mndeni wakhe waphinde wabuyela kwakhe. Esikhathini esiningi babengaboni ngaso linye ekukhulisweni kwezingane.

- **UNtombi**

  Udweshu olukhulu lwadaleka ngenkathi uMbhele ethola ukuthi uNtombi ukhulelwe, uhlala kubo kwamfana. UMbhele waze wamlanda ngesidlozane kwaNdelu. UMbhele wayephoxekile futhi nothando lwakhe lukaNtombi wayenokulungabaza.
  Udweshu lokukhulisa uNtombi ngesandla esiqinile, amshaye njalo ngisho nangemvubu. Udweshu lukaNtombi kwakungukweqa, engalaleli imithetho kayise ngoba esothandweni noZakhele.

- **UNdelu**

  Baxatshaniswa ukubanga intombi uMaNgcobo owagcina ngokushada uMbhele (ikhasi 66/69). Kusukela lapho baphenduka inkukhu nempaka. Bobabili basebenza esiteshini samaphoyisa iminyaka emibili, bengazwani (ikhasi 70). Baphinde baba ngothishomkhulu ezikoleni ezihlukene. Babebanga beqhudelana ngemibono ngisho nasemihlanganweni
  yabazali (ikhasi 61). UNdelu wasala nesilonda sokwehlulwa nguMbhele, wase ezama ukuziphindiselela ngokuzwisa uMbhele ubuhlungu. Wazama ukubulala indodakazi kaMbhele, uNtombi, wagcina ngokuboshwa (ikhasi 47/48). UMbhele wayengafuni nokwamukela uthando lwezingane zabo, ngisho nenhlawulo, ngenxa yengxabano yabo. Ekugcineni uNdelu wazama ukuthelelana amanzi noMbhele ngokumbhalela incwadi kodwa uMbhele wayengasamthembi (ikhasi 79/80).

2.2 Lolu dweshu lumveza njengosokhaya, **ongundlovukayiphikiswa**, onesandla esiqinile ekukhuliseni izingane zakhe, nasekuphatheni umkakhe. Izingane ziyamsaba ngoba unemithetho eqinile njengokubuya ekhaya lingakashayi ihora lesithupha, ukungakhulumisi abafana, ukusheshe ubuye uma uthunyiwe. Nakuba unkosikazi wakhe uMaNgcobo ezama ukubonisana naye, wayengamlaleli. Ngelinye ilanga wagcine esephoqeleka ukuya kubo ngoba esekhathele ukungalalelwa nokuphathiswa okwengane. Lolu dweshu lwaphinde lwamveza njengobaba **ongaxoli**. UNdelu wambhalela incwadi yokuxolisa kodwa uMbhele wathi akamthembi uNdelu ngakho-ke akazuxola kalula kanjalo. Lolu dweshu lwaphinde lwamveza njengomuntu **onenhliziyo embi** ngoba kwale ngisho noma sekutholakele ukuthi uZakhele wayengabandakanyeki ekulinyazweni kukaNtombi futhi uzimisele ngokuhlawula, uMbhele wanqaba.

IEB Copyright © 2023

2.3 Umphumela walolu dweshu phakathi kukaMbhele nabalingiswa abangezansi.

- **UMaNgcobo**

  Umfundi angasho ukuthi udweshu phakathi kwakhe noMbhele lwacishe lwaqeda umshado wabo ngoba uMaNgcobo wacishe wahlukana noMbhele ngenxa yokungezwa. Omunye umfundi angasho ukuthi ukushona kukaNtombi noZakhele kungenzeka ukuthi kubenomphumela wokuthi uMaNgcobo acele isahlukaniso. Akhale ngokuthi kukaningi ezama ukubonisana noMbhele, manje sekuze kwafika ekugcineni.

- **UNtombi**

  Umfundi uzoveza ukuthi ukukhuliswa kukaNtombi ngesandla esiqinile, engavunyelwe ukukhuluma nabafana, kwadala ukuthi uNtombi agcine esekhulelwe. Omunye angaveza ukuthi omunye umphumela ukuthi uNtombi wagcina ngokushona.

- **UNdelu**

  Umphumela wokuxabana noNdelu ngenxa yokubanga intombi besakhula, kwadala inzondo engapheli, uNdelu ezama ukuziphindiselela, okwacishe kwabulala umphefumulo ongenacala, uNtombi. Kwala ngisho uNdelu esexolisa ngokubhalela uMbhele incwadi kodwa kwanhlanga zimuka nomoya.

Ulimi nohlelo
Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 3

Kuzoya ngempendulo yomfundi

Empendulweni yomfundi makucace ukuthi laba bobabili uNtombi noMbhele bazizwa kanjani ngokwenzekile kanye nokugcine kwenzeka ezimpilweni zabo.

UNtombi

UNtombi angaveza ukuthi uyabathanda futhi uyabahlonipha abazali bakhe, kakhulukazi uMbhele njengosokhaya. Angasho ukuthi wayezama ukuyilandela yonke imithetho yakhe, njengokuya esikoleni, ukubuya ekhaya ngesikhathi, ukusiza ngemisebenzi yasekhaya. Ngenxa yothando lwakhe noZakhele, ubezithola esenkingeni yokuthi kumele akhethe phakathi kukayise noZakhele.

Angaphinde aveze ukuthi inkani kaMbhele iyona eholele ekutheni yena noZakhele banqume ukuduka nezwe, bayoziganisa. Ukube uMbhele ubengubaba olalelayo, engabe yena noZakhele ababanga sengozini yemoto. Ngakho-ke uma engase ashone, icala lokushona kwakhe uzolithwesa uMbhele.

UNtombi angakhombisa ukuphoxeka ngezenzo zikababa wakhe zokumnqabela ukuthi athandane nomuntu amthandayo ngenxa yengxabano yakhe noNdelu besasebasha, bebanga uMaNgcobo (ikhasi 66/69). Ngakho-ke izenzo zakhe zokweqa, kwakungezothando, kwakungezona ezendelelo.

UNtombi angaziveza njengengane ezisolayo kakhulu ngezenzo zayo zokweqa ekhaya kaningana, ayohlala kubo kwamfana, alulaze umuzi wakubo. Angaphinde azisole ngokungalaleli uMbhele ekubeni ebemkhonzile kakhulu (ikhasi 59).

Omunye umfundi angaveza ukuthi uNtombi akazisoli ngazo zonke izenzo zakhe kusukela ekukhulelweni, nasekweqeni ekhaya kaningana ngenxa yesandla esiqinile uMbhele amkhulise ngaso.

Omunye umfundi angakuhlanganisa kokubili aveze ukuxolisa ngokungalaleli uMbhele, ngokukhulelwa, ngokweqa ekhaya, nangokungenzi kahle kumatikuletsheni. Ngakolunye uhlangothi angaveza ukuthi akazisoli ngothando lwakhe noZakhele, ngoba bona bathandana ngokweqiniso futhi akekho umuntu ozobahlukanisa.

UNtombi angaveza ukuba lukhuni kwenhliziyo kaMbhele ngokuveza inzondo yakhe noNdelu. Aveze ukuthi uNdelu wathenga izigebengu ukuthi zimlimaze okwagcina ngokuthi aye esibhedlela, naye wagcina ngokuboshwa. Ekugcineni wayibhala incwadi yokuxolisa efisa ukuthi bathelelane amanzi benoMbhele kodwa kwanhlanga zimuka nomoya kuMbhele (ikhasi 79).

Angasho nokuthi ngenxa yakhe ingane yakhe noZakhele kungenzeka ikhule isiyintandane, ingenabazali. Angabuza uyise ukuthi uma kungenzeka ashone uMbhele uzoyikhulisa yini ingane yakhe futhi uzokwazi ukuyitshela iqiniso ngokuthi kwenzekani kunina futhi kwadalwa yini.

Angaphinde aveze imizwa yakhe ngokuthi ngenxa yazo zonke lezi zenzo zikaMbhele ezibangele ukuthi impilo yakhe ibe sengcupheni esibhedlela ngeke aphinde amxoxele ubaba wakhe. Uma kwenzeka elulama ufuna ukuduka nezwe futhi.

IEB Copyright © 2023

UNtombi angacela uyise ukuthi akashintshe indlela yokukhulisa izingane isikhathi sisekhona, uma engakwenzi uzolahlekelwa unkosikazi kanye nazo zonke izingane zakhe.

UMbhele

Umfundi angaqala ngokubuka ubudlelwano babo kusukela ekuqaleni uNtombi eyintandokazi baze baxatshaniswa ukukhulelwa kukaNtombi. UNtombi wayeyintandokazi ngenxa yokuthi ubeyinkosazana kaMbhele futhi wacishe washona ekuzalweni kwakhe, kungasathenjwa ukuthi uzophila, uMaNgcobo waze wazala isikhathi singakafiki (ikhasi 1).

Enkulumweni kaMbhele kungavela ukuthi uthukuthele, ubhodla umlilo njengenjwayelo ngenxa yesenzo sikaZakhele onqume ukubaleka nendodakazi yakhe uNtombi, okuholele ekutheni babesengozini yemoto. Lesi senzo singabangela uMbhele ukuthi agcine esezonda uNdelu kakhulu kunakuqala ngoba ekholelwa ukuthi konke lokhu kwenzeke ngenxa yomfana wakhe, ongamhloniphanga.

Angakhombisa ukuzisola ngazo zonke izenzo zakhe ikakhulukazi ezokuqinisa isandla kuNtombi inkosazana yakhe ayeyikhonze kakhulu kanye nokunqaba ukuthi ilotsholwe nguZakhele (ikhasi 84). Angazama nokubonisa uNtombi izizathu zakhe ezamenza ukuthi angathandi ukuthi ashade noZakhele. Angabala umlando wabo wokuxabana noNdelu. Izenzo zikaNdelu zokuzama ukumzwisa ubuhlungu ngokucishe abulale uNtombi, owagcina ngokuya esibhedlela. Angachaza nokuthi yena ngokwakhe wayengaboni ukuthi phakathi kwakhe noZakhele kungakheka ubuhlobo obuhle ngenxa yezimo le mindeni edlule kuzo (ikhasi 54/55).

Angaphinde axolise ngokuziphatha kwakhe njengondlovukayiphikiswa, aveze ukuthi naye wakhuliswa kanjalo futhi wayekholelwa ngukuthi iyona ndlela eletha imiphumela emihle ezinganeni njengokuhlonipha nokuziphatha kahle kodwa useyabona ukuthi le ndlela yakhe ayisebenzanga (ikhasi 39/84). Kunalokho ibangele uNtombi inkani, yaphetha ngokuthi alimale engozini yemoto.

Angaphinde acele uxolo kuNtombi, enze izethembiso zokuthi uzozama ukushintsha indlela abaphatha ngayo nanokuthi uzimisele ukusiza nokukhulisa ingane kaNtombi ngendlela ehlukile ukuze noNtombi ajabule uma esephumile esibhedlela. Uma nje ezobuya ekhaya.

Angaqhubeka nokudaza inkani ngokuthi ukulimala kwakhe noZakhele akulona iphutha lakhe, akuyena obathumile ukuthi beqe bahambe ngesithula-msindo, futhi isenzo sabo sikhombise indelelo. Mhlawumbe yingakho kwenzeke lokhu okwenzekile. Ngakho-ke akaliboni iphutha kungelakhe, kodwa usola bona kakhulu. Akwaziyo yena ukuthi uNdelu usazokhokha ngoba wehlulekile ukwalusa nokukhulisa ingane yakhe ngendlela. [**Nokunye okunembayo.**]

Omunye umfundi angaveza uMbhele onenkani ngoba engafuni ukuboniswa futhi ekholelwa ngukuthi eyakhe indlela iyona eqondile. Angabeka uNtombi amabala ngokuthi angamlaleli, akhulelwe esafunda, eqe ekhaya kaningana ngenxa kaZakhele, baze bagcina ngokulimala engozini yemoto benoZakhele (56).

Omunye umfundi angathatha izinhlangothi zombili aveze uMbhele ongakhombisi ukuzisola ngendlela akhulise ngayo uNtombi kodwa uphoxekile ngezenzo zikaNtombi ezikhombise ukungamhloniphi. Nakuba kunjalo, uyazisola ngokubanqabela ukuthi bathandane/bashade ngoba uZakhele ubesezibonakalisile ukuthi uyamthanda ngempela uNtombi, inkinga bekunguNdelu.

IEB Copyright © 2023

Emva kwakho konke okwenzekile uMbhele angakhombisa ukuthi ngenxa yokuzisola ngokwenzekile, uzimisele ukushintsha. Angathembisa nokuthi usifundile isifundo sakhe, uzozama ukulalela nokukhulisa zonke izingane zakhe ngothando kuphela, hhayi ngenduku nokwesaba.

Ingqikithi (okusendabeni / okwakho)
Isakhiwo (isingeniso sengxoxo, ukweqa imigqa, imizwa, block format)
Ulimi nohlelo (izivumelwano, isipelingi) (ulimi olunothile)
Inani lamagama nokulibhala

UMBUZO 4

Isingeniso

- Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi. Omunye angavumelana nesitatimende, abhekise emaphuzwini asendabeni njengokukhuliswa ngesandla esiqinile, ngokungalingani, nezinselelo zothando kanye nomatikuletsheni, njll.

- Omunye angaphikisana nesitatimende aveze umbono wokuthi kuya ngomzali, uma ephethe kahle umndeni, behloniphana, ezimisele ukulalela izingane, izinkinga eziningi zingagwemeka ikakhulukazi ezothando nezemfundo, njll.

Ingqikithi

- **Ukuzwana kukaMbhele noNdelu besakhula**
  UNdelu wayengumngane omkhulu noMbhele besakhula, bengamathe nolimi, bakhula ndawonye, elokishini elilodwa eSikhawini futhi babefunda ndawonye (ikhasi 51/69/70). UNdelu wayezalelwa emndenini ongcono kunoMbhele, ngoba kwakunemfuyo kubo (ikhasi 66).

- **Okwenzeka phakathi kwabo**
  Baxatshaniswa ukubanga intombi uMaNgcobo owagcina ngokushada uMbhele (ikhasi 66/69). Kusukela lapho baphenduka inkukhu nempaka. UNdelu wasala nesilonda sokwehlulwa nguMbhele, wase ezama ukuziphindiselela ngokuzwisa uMbhele ubuhlungu. Omunye umfundi angasho nokusho ukuthi ukwehlulwa nguMbhele, kwabangela uNdelu isilonda ngoba wayezitshela ukuthi njengoba eqhamuka emndenini onothile kunoMbhele, intombi yayizokhetha yena.

- **Izenzo eziveza inkani yabo**
  Bobabili basebenza esiteshini samaphoyisa iminyaka emibili, bengazwani. Kuthe lapho uMbhele eseshiya eyoba nguthishomkhulu, uNdelu wamlandela (ikhasi 70). Bobabili baphinde baba ngothishomkhulu ezikoleni ezihlukene. Babebanga beqhudelana ngemibono ngisho nasemihlanganweni yabazali (ikhasi 61).
  UNdelu wathenga izigebengu ukuthi zishayise uNtombi ngemoto, kube sengathi ingozi yemoto eyenzeke ngephutha. Kwathi noma eseboshwa waphinde wasongela uMbhele ngokuthi akathuswa yinyoka efile (ikhasi 46/48/55). Omunye umfundi angathi ukuvuma kukaNdelu ukuthi uNtombi azohlala kwakhe ngoba usekhulelwe, kungenzeka ukuthi besekungukuqala kokuziphindiselela. Ubazi kahle kamhlophe ukuthi uma uMbhele ethola ukuthi indodakazi yakhe ihlala nomfana kaNdelu, uzothukuthela kuthi akafe (ikhasi 54). Kuyo yonke lengxabano uMbhele wayekhombisa ukubanenkani, eveza

ukungamesabi uNdelu, waphinde wangavuma ukwamukela inhlawulo kaZakhele ngenxa yokuzonda ubaba wakhe. Kwala ngisho uNdelu esephumile ejele, ebhala incwadi yokuxolisa, kwanhlanga zimuka nomoya kuMbhele (ikhasi 79). UMbhele wayengafuni ngisho ukulalela umkakhe emcenga ukuthi baxolelane noNdelu, bayeke ukubanga indaba endala kangaka. Wayemncenga nanokuthi adedele izingane zithandane, uZakhele alobole, ikakhulukazi njengoba sekutholakele ukuthi akanacala ekushayisweni kukaNtombi, futhi akasona isigebengu.

- **Bangabazali abanjani**

  UMbhele
  UMbhele usokhaya, ongundlovukayiphikiswa, onesandla esiqinile ekukhuliseni izingane zakhe, nasekuphatheni umkakhe. Izingane ziyamsaba ngoba unemithetho eqinile njengokubuya ekhaya lingakashayi ihora lesithupha, ukungakhulumisi abafana, ukusheshe ubuye uma uthunyiwe. Ungubaba osatshwayo, ongabonisani nengane futhi ofuna kugcine yena njalo.

  UNdelu
  Umfundi angaveza ukuthi uNdelu ungubaba onothando ngoba wavumela umfana wakhe ukuthi ahlale nentombi kwakhe futhi wakwamukela ukuthi isikhulelwe. Waphinde wabhala incwadi yokuxolisa emva kokuphuma ejele.
  Omunye angaveza ukuthi unenhliziyo embi, nalokhu kuvuma ukuthi intombi ihlale, wayekwenziswa isifiso sokuzwisa uMbhele ubuhlungu, waphinde wazama nokubulala uNtombi ongenacala, wasongela uMbhele ngenkathi eseboshwa. Nokubhala incwadi kungenzeka ukuthi wayengaxolisi ngokweqiniso, ufuna uMbhele akhohlwe nguye, asondele, ukuze azogadla kahle.

- **Umphumela wokungaxoli kukaMbhele noNdelu**
  Ekugcineni uNtombi uvumelana noZakhele ukuthi babaleke ukuze bazoqhubeka nothando lwabo kude nabazali babo. UZakhele uboleka imoto yomngane wakhe abazokweqa ngayo. Emsakazweni kwezwakala ukuthi uZakhele benoNtombi babesengozini yemoto enyantisa igazi, bashonela esibhedlela (pg 83/84). Omunye umfundi angasho ukuthi ukulwa kwabo okungapheli kudale ukushona kwezingane zabo.

Isiphetho

- **Yisiphi isifundo sitholile ngobudlelwano babo**
  Isifundo engisitholile ukuthi akulungile ukuxabana nokubambelana amagqubu uma ningabangane. Uma ningaboni ngaso linye kubalulekile ukuthi nithole isisombululo ngokushesha, ukuze kungonakali izinto.
- **Usizo ongaluthola empilweni yakho ngalesi sifundo**
  Ukuthi ngifunde ukuxolela ngoba impilo ayibekelwa nani. Inkani nokungakhuzeki kukaNdelu noMbhele kudale ukulahleka kwemiphefumulo engenacala, izingane zabo.

Isakhiwo (isihloko, izigaba)
Ulimi nohlelo (izivumelwano, isipelingi) (ulimi olunothile)
Inani lamagama nokulibhala

IEB Copyright © 2023

ISIQEPHU B UKUBHALA NOKWETHULA

UMBUZO 5

5.1 INCWADI YAKOMKHULU

Ekubhalweni kwencwadi yakomkhulu umfundi akaqaphele lokhu okuyizimpawu zokubhalwa kwencwadi yakomkhulu:

Isakhiwo

- Ikheli lobhalile
- Liqondile
- Usuku – inyanga ngesiZulu
- Isikhundla salowo obhalelwayo
- Ikheli lobhalelwayo
- Isihloko
- Isibingelelo
- Isingeniso
- Umzimba
- Isiphetho
- Yimina ozithobayo/okhathazekile
- Ukusayina
- U … egameni
- Igama lobhalile

Ingqikithi

- **Ubudlelwano phakathi kwabazali nezingane**
  Lapha uthishomkhulu angaqala ngokuveza uvo lwakhe mayelana nokukhuliswa kwengane. Angaphinde aveze nakufundile ngokuziphatha kwezingane eminyakeni edlule. Angaphinde asho nokuthi naye unezingane futhi ukuthola kunjani ukukhulisa ezakhe. Ekugcineni, esesebenzisa nesipiliyoni, anganikeza abazali izeluleko njengokuthi kubalulekile ukuxoxisana nengane yakho, uzwe uvo lwayo, nivumelane ngokuvumelekile nokungavumelekile, njll.

- **Ukwakha uhlelo (*plan*) lokufunda ekhaya**
  Uma ubudlelwano buqinile, sekungaba lula ukwakha uhlelo lokufunda. Okubalulekile, izingane kumele zazi ukuthi indlela eya empumelelweni iqala ngokuzihlelela. Ingane kumele yaziswe ngokubaluleka kokuphumelela umatikuletsheni ngaphandle kokufaka ingcindezi. Kumele yona uqobo lwayo izakhele uhlelo, ithembeke, bese umsebenzi wabazali kube ukuyisekela. Ohlelweni ingaveza ukuthi izofunda siphi isifundo, ngaluphi usuku futhi ngasikhathi sini.

IEB Copyright © 2023

- **Imisebenzi yasekhaya ngamaholide**
  Uthishomkhulu uzoveza umbono wakhe ngokubaluleka kokwenza imisebenzi yasekhaya njengokugeza izitsha, ukupheka, ukuhlanza ikhaya njll. Aphinde aveze ukubaluleka kokuphumelela umatikuletsheni. Ekugcineni umbono wakhe uzoveza ukushintsha kwezikhathi nokwehlisa imisebenzi yasekhaya ukuze ingane ithole ithuba lokufunda ingakhathali. Ngale kwalokho, ukwakha uhlelo bese ingane ithunywa kusukela ekuseni lize liyoshona, kungafana nokuchitha isikhathi noma ukucikelela phansi ikusasa lengane.

- **Ukuziphatha kwezingane ngamaholide**
  Uthishomkhulu angaveza ukubaluleka kokuba nemithetho eqatha ekhaya, ikhaya lingabi kwamachanca kwampunzi edla emini. Izingane, ikakhulukazi ezenza umatikuletsheni akumele zihlale zihamba amaphathi, imicimbi, ziphuze utshwala zidakwe, zibuye ezintatha ngenxa yokuthanda injabulo. Nabazali akumele bayivumele ingane ngoba besaba ukuxabana nayo. Ingane kamatikuletsheni kumele yazi ukuthi okubalulekile ukuphumelela umatikuletsheni, ukuze izoba nekusasa eliqhakazile. Angaphinde aveze ukuthi okubalulekile ukusebenzisana, uma isimo sivuma umzali akavume kokunye.

- **Ukusebenzisana nothisha**
  Kubalulekile kakhulu ukuthi abazali nezingane basebenzisane nothisha. Abazali abangafaki ingcindezi kothisha, bangenzi lutho kodwa balindele imiphumela emihle. Uma ingatholakali leyo miphumela bese kubekwa uthisha icala. Ukubambisana kuyasiza ekuboneni amaqiniso kusakhanya, nasekusebenzisaneni ukuze wonke umuntu athole umvuzo ofanele. Othisha akuzona izitha zezingane, nabo bangabantu, bawufundele umsebenzi wabo futhi iningi lingabazali. Ukufundisa bakwenza ngothando futhi bafisela izingane zenu okuhle kodwa. Iqiniso ukuthi ukuphumelela kwengane, ukuphumelela kwethu sonke. Ngakho-ke, abazali ababambisane nothisha ekusizeni izingane ekwenzeni yonke imisebenzi yesikole ukuze wonke umuntu aphumelele.

Ulimi nohlelo: (izimpawu zokubhala, isipelingi) (isitayela nethoni) (ulimi olunothile)

Amagama: (anele, ukubhala inani lamagama)

NOMA

IEB Copyright © 2023

5.2 INKULUMO

Isakhiwo

- Isihloko (inkulumo ngeyani); ***Kubalulekile ukuthi isihloko sibe nokuthi inkulumo izokwenziwaphi, ngubani, ngaluphi usuku futhi sethule ingqikithi yenkulumo.***
- Ukuvula/isibingelelo; ***Kumele oxoxayo abingelele abakhona ngezinhlelo zabo, abakhulu nabancane, abalandelanise kahle ngokwamazinga abo emehlweni omphakathi.***
- Isingeniso; ***Isingeniso kumele sihehe sibe sifushane siphoqe abantu ukuba balalele. Singaba – iqiniso elake lashiwo omunye. Indatshana ehlekisayo kodwa ephathelene nazokusho. Umbuzo odinga impendulo ephathelene nazokusho. Akenze abalaleli babenesasasa kwakushoyo. Angaxolisi ngakushoyo, kuqeda umdlandla.***
- Izigaba – izihloko/nezihlokwana.
- Ukubonga ithuba – ekuqaleni noma ekugcineni.
- Isiphetho – ***Isiphetho asigculise, kube ngesifanele, esifishane nesinembayo. Angasebenzisa lezi zindlela ukwenza lokho. Angafingqa inkulumo yakhe ngokugcizelela amaphuzu asemqoka awashilo. Angafaka inselelo.***

Ingqikithi

- ***Asho okuhambisana nendikimba.***
- ***Akalandelanise kahle amaphuzu ukuze inkulumo izwakale kahle.***
- ***Akasebenzise izibonelo amahlaya nokunye okufuze lokho.***
- ***Inkulumo ayifeze inhloso yomethuli wayo.***

Lapha kuzoya ngomfundi. Uma umfundi ekubhale konke okubalulekile ngalama phuzu angezansi walandela yonke imigomo yokubhala kwenkulumo, uyowola wonke amamaki.

- **Ukubonga nokuncoma obephethe/othathe izintambo kuye**
  Emva kokuzethula ngokusemthethweni, induna yesikole ekhethiwe izothatha leli thuba ukubonga, income ngemisebenzi emihle eyenziwe induna yangonyaka odlule kanye nezinhlelo ezintsha eziqalwe umatikuletsheni odlule, njengokubuyisa isithunzi sesikole kwezemidlalo, ezifundweni, ukuqinisa imithetho yesikole, njll.
  Angaphinde amfisele okuhle ngonyaka ozayo, enze nezethembiso zokuthi bazoqhubeka benze okuhle, ukuze isikole sibe sezingeni eliphezulu, lokuhlonishwa.

- **Ukubaluleka kwesikhundla**
  Lo mfundi okhethiwe angaqala ngokubonga abafundi ngokumethemba ukuthi aphathe isikole.
  Angaveza nokuthi kuchazani kuye ukuba sesikhundleni esikhulu kangaka njengokuthi kumele aphathe ngobuqotho hhayi ngokwenzelela.
  Kumele amele iqiniso ngaso sonke isikhathi, abeke izifiso zesikole phambili kunezakhe. Ngakho-ke unesifiso sokuthi bonke abafundi bangacabanga kanjalo futhi basebenzisane ngokubambisana.

IEB Copyright © 2023

- **Uthando lwakho ngesikole**
  Lo mfundi okhulumayo angaveza uthando lwakhe lwesikole kusukela efika kuGreyidi 8 esemncane kuzekube manje.
  Angaphinde aveze nokuthi kungani akhetha ukuzofunda kulesi sikole, angakhumbuza abafundi ngobuhle besikole, ngamazinga aphezulu nangokuba senhlanhleni enkulu ekutholeni ithuba lokufunda kulesi sikole kanye nokunye.

- **Izinhloso zakho/izinto ongathanda ukuzibona zenzeka/izifiso zakho ngesikole kanye nokunye**
  Lo mfundi angaveza izinhloso zakhe, ezihlose ukubeka isikole ezingeni eliphezulu kunaleli abakulo njengokwakha izinhlelo zokufunda kukamatikuletsheni ngezimpelasonto nangamaholide ukuze baqinisekise ukuthi bathola imiphumela emihle kakhulu.
  Angakhumbuza abafundi ngokubaluleka kokuhlonipha othisha, abazali, abantu abadala kanye nezivakashi ezivakashela isikole nangezimpelasonto. Angagqugquzela abafundi ukuthi konke lokhu kuqala ngokubingelela, ngokugqoka umfaniswano nokubukeka kahle.
  Angaveza izifiso zokuqala isikhwama sokusiza abafundi abampofu noma abanezinkinga zokukhokha ukuze bathole ithuba lokufunda noma lokuqedelela izifundo zabo kulesi sikole.
  Angaphinde aveze izifiso zokuthi abafundi abadlalela amaqembu aphezulu kuzomele bavunyelwe ukuziqeqesha unyaka wonke ukuze izinga labo lokudlala lizoba phezulu kanye nokunye okunembayo.

Ulimi nohlelo: (izimpawu zokubhala, isipelingi) (isitayela nethoni, ulimi olunothile)

Amagama: (anele, ukubhala inani lamagama)

IEB Copyright © 2023

UMBUZO 6

6.1 UKUBHALWA KWE-IMEYILI

Uma umfundi ekubhale konke lokhu okubalulekile uyowola wonke amamaki.

Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa okumele kucace yilokhu:

Ingqikithi

- Uhlobo lomdlalo.
- Indawo okudlalelwa kuyo.
- Imidlalo eniyidlalile.
- Imizwa yakho.

Isakhiwo: Iya kubani; ivela kubani; usuku; isihloko

Ulimi nohlelo: izivumelwano; isipelingi

Amagama anele; ukubhala inani lamagama

NOMA

6.2 IRESIPHI

Umfundi kumele alandele yonke imigomo yokubhalwa kweresiphi:

Lapha kuzoya ngempendulo yomfundi kodwa **iresiphi yakhe** kumele ibhekise kulokhu okulandelayo:

Ingqikithi

- Uhlobo lwekhekhe.
- Izithako (*ingredients*).
- Izinsiza.
- Ukulibhaka.

Isakhiwo: isihloko ...

Ulimi nohlelo: izivumelwano; isipelingi

Amagama anele; ukubhala inani lamagama

Amamaki esewonke: 100

IEB Copyright © 2023